

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

JUNI 2019

IBANGA LE- 10

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13

Ikhasi 1 kwayi- 10

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)
2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

ISIQEPHU A:	imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	imizuzu engama-30
ISIQEPHU C:	imizuzu engama-40

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (Okufundwayo)

UHugh Masikela Uliqhawe

Yize **esalala kobandayo** uHugh Rampolo Masekela kodwa inkulu indima ayidlala ezweni lethu laseNingizimu Afrika. Kwabaningi uHugh uliqhawe. UHugh wazalwa mhla zi-4 Ku-Ephreli 1939. Usishiye emhlabeni mhla zingama-23 kuMasingana 2018.

UHugh wazalelwa kwaGuqu Township eWitbank. Esakhula wayethanda ukucula Kanye nokudlala upiyano. Isikhathi esiningi wayehlala nogogo wakhe yize abazali bakhe uThomas Selena Masekela Kanye noPauline Bowers Masekela babekhona kodwa babesebenza isikhathi esiningi.

Ngesikhathi uMasekela eseneminyaka eyishumi nane, yilapho aqala ukudlala icilongo ayeliphiwe ngu-Aronbishop Trevor Huddleston eSt Peters Secondary School. UHuddleston wacela umdlali weNative Brass Brand uMnumzane Jaude ukuthi afundise uMasekela ukudlala icilongo. UMasekela washeshe wabamba ukuthi lidlalwa kanjani icilongo.

UMasekela wakhula ngezikhathi zobandlululo eNingizimu Afrika. Kusukela emculweni wakhe wawukhuluma kakhulu ngezinkinga izwe elalibhekene nazo ngesikhathi sobandlululo. Wayezimisele ngokushintsha isimo sepolitiki esebenzisa umculo wakhe. Emculweni wakhe wayezwakalisa ulaka lwakhe ngendlela abantu abansundu babephethwe ngayo abamhlophe. Wayephinde acule ngobuhle beNingizimu Afrika.

Ngo 1960 uHugh wayifulathela iNingizimu Afrika waya eLandani eyofunda. Kwadala ukuthi **alifulathele leli** yindlela abantu abansundu ababephethwe ngayo. Imithetho yokuphatha abansundu yayikhombisa ukubabandlulula bengafani nezinye izizwe. ELandani wafunda isikhashana wabe esedlulela eMelika eyoqhuba izifundo zomculo edolobheni iManhattan eNew York. Wagxila kakhulu emculweni we-Classical Trumpet Studies. Waganwa uMiriam Makeba ngowe-1964 owayengumculi iminyaka emibili.


Izingoma zakhe zaduma kakhulu khona le eMelika ngonyaka we-1967. Wakhapha ingoma esihloko sithi, 'Up And Away' kanye nesihloko sithi 'Grazing In The Grass in 1968. Ngonyaka we-1987 wakhapha ingoma esihloko sithi, 'Bring Him Back Home'. Le ngoma yaduma kakhulu eNingizimu Afrika. Yagcina isiculwa iqembu labantu ababengabalandeli bakaDkt. N.R. Mandela befuna aphume ejele laseRobin Island. UMasikela wabuyela e-Afrika ezinze eBotswana nalapho ayenesikole

esifundisa umculo onguMbhaqanga. Isikole asivula eBotswana esibizwa ngeBotswana International school of Music esisaqhubeka namanje.

Ngo 1968 wakhethwa kuma-Grammy Awards, ohlwini lwe 'Best Contemporary Pop Performance' ngeculo lakhe elisihloko sithi, 'Grazing In The Grass.' Ngaphandle kokuba umculi ovele ugcine esengubuso benkampani kamasingcwabisane.

Kukhulu akwenzele izwe lwethu ngomculo uHugh. Lokhu kusifundisa ukuthi umculo ungawubopha umqondo womuntu noma umkhuthaze ukuba azikhulule ebugqilini.

- 1.1.1 Ubani igama lomculi okukhulunywa ngaye lapha? (2)
- 1.1.2 Lo mculi ushone eseneminyaka emingaki? (2)
- 1.1.3 Yisiphi isizathu esenza uHugh angahlali nabazali bakhe? (2)
- 1.1.4 Ubani owafundisa uHugh ukudlala icilongo? (1)
- 1.1.5 Isikhathi sobandlululo saphela ngamuphi unyaka? (1)
- 1.1.6 Bhala umculi oyedwa omaziyo owake wahlala kwelinye izwe ngezikhathi zobandlululo. (1)
- 1.1.7 Ngokucabanga kwakho kungani izingoma zalo mculi ayezicula ngolimi lwabansundu? Bhala izizathu EZIMBILI. (2)
- 1.1.8 Chaza ukuthi lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo:
- 1.1.8.1 **Osalala kobandayo.** (2)
- 1.1.8.2 Kwadala ukuthi **alifulathele leli.** (2)
- 1.1.9 Sisekhona yini isidingo sokucula noma ukulalela umculo okhuluma ngezikhathi zobandlululo njengoba sesikhululekile? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)
- 1.1.10 UHugh waqala ukudlala icilongo ngamuphi unyaka? (2)
- 1.1.11 Bhala izinto EZIMBILI ezazingubandlulula okwakwenziwa abamhlophe kwabansundu. (2)
- 1.1.12 Wayeganwe ngubani iminyaka emibili uHugh? (1)
- 1.1.13 Bhala izingoma EZIMBILI ezaziculwa uHugh ngezikhathi zobandlululo? (2)



- 1.2.1 Bangaki abantu abakulesi sithombe? (1)
- 1.2.2 Iyiphi enye indima edlalwa umlilo ngaphandle kokubafudumeza abasesithombeni? (2)
- 1.2.3 Uma ubukisisa isithombe umama ohleli uyazithethisa noma uyazikhulumisa izingane zakhe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.4 Yikuphi okukhombisa ukuthi laba abasesithombeni kabawazweli amakhaza ngendlela efanayo? (1)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezinto ezikusiza ukhulise izinga lokuxhumana.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

UKUKHULISA IZINGA LOKUXHUMANA

Ubudlelwano bethu nalaba esibathandayo buqedwa ukungaxhumani ngendlela ekuyiyo. Izinto ezincane zigcina sezinkulu futhi zingasaxazululeki. Kuningi umuntu angakwenza ukugwema kokulimala bobudlelwane bakhe naloyo amthandayo. Uma uhlala nothandiweyo wakho mbuze ukuthi uzizwa kanjani usuku nosuku. Lokhu kumenza naye azizwe ekhathalelelwe.

Kwesinye isikhathi nilala noma nihluka nomuntu kukuhle konke kuthi uma senibonana ngesinye isikhathi uzwe ungasamqondi kahle. Kufanele umbuze uma kukhona ongakuqondi kahle ungacabangeli ukuthi yini ejike isimo sakhe. Wena kawusona isangoma.

Ukubuza indlela umuntu azizwa ngayo kudinga ukuthi nawe obuzile ulalelise lokhu okutshelwayo ungamphazamisi uma esakhuluma. Khumbula ukuthi umuntu unomlomo owodwa nezindlebe ezimbili ngoba kufanele silalelise kakhulu bese sikhuluma okulingene. Imvamisa umuntu okhuluma njalo uba nezindaba aziqambela zona eziliphutha.

Hlala ubheka ukuthi izinga lokuxhumana liselihle noma lisahamba kahle. Lokhu angakwenza ngezindlela eziningi ezahlukene. Ungamthinta ngocingo noma umbhalele umyalezo omkhuthazayo. Impendula ayokunika yona iyokusiza uma kunenkinga bese uyabuza.

Abantu bayashintsha ngoba nesikhathi siyashintsha. Emhlabeni izinguquko yinto eyenzeka zonke izinsuku. Mvumele umuntu akhule afane nesihlahla. Uma unomuntu ongashintshi kusho ukuthi akakhuli nawe kawukhuli. Uma kukhona onganelisekile ngakho kukhulume ngesikhathi ungathukuthele ukuze umbono wakho uzwakale kahle.

Uma kukhona osolwa ngakho zinike isikhathi uzihlolisise. Kungenzeka ukuthi sekunegatsha eselimiile obungalinakile. Asibamukele abantu bethu njengoba benjalo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

ISIQHEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)

AMAZOLO FITNESS CLASSES

AMAZOLO FITNESS CLASSES ISIKOLE ESİKUSIZA UGCINE UMZIMBA WAKHO UNEMPILO.



Sikuhlelela amakilasi lapho ningazivivinya niyidlanzana noma umuntu ngayedwana. Nakhu esingakusiza ngakho ukuze uhlale unempilo:

- ❖ Sikulethela ozokuqeqeshela ekhaya njalo ekuseni.
- ❖ Siqeqesha abantu abangamaqembu asukela kwabayishumi.
- ❖ Sikunika uhlu lwendlela odla ngayo.
- ❖ Sikunika nohlu lokudla ongakudla
- ❖ Siyazifikela qathatha endaweni yangakini

Sisebenzela kulezi zindawo ezilandelayo:

- Inanda enkundleni yezemidlalo.
- KwaMashu enkundleni yezemidlalo.
- Ntuzuma enkundleni yezemidlalo.
-

Ndiza nathi ngamanani aphantsi!!

Ujima mahhala uma unabantu abayi-12 abazojima nawe
Sithinte kulezi nombolo:086 004 1808/031 233 1405

Imigomo nemibandela

Ukhokha ngaphambi kokujima.

Awubuyiselwa imali uma ungafikanga.

Asibajimisi abantu abangaphansi kwabahlanu

- 3.1 Kukhangiswani lapha? (1)
- 3.2 Kubaluleke ngani ukugcina umzimba wakho unempilo? Bhala OKUBILI. (2)
- 3.3 Bahluke ngani OKUBILI laba kunezindawo zokuzivocavoca ezisdolobheni? (2)
- 3.4 Tomula ibizo elisesigabeni 6 elingumfakela kulesi sikhangiso. (2)

- 3.5 Kulo musho olandelayo khipha igama elikhomba ubumnini (ongumnini)
Sikunika uhlu lwendlela odla ngayo. (2)

- 3.6 Kungani imibandela ibhalwe ngamagama amancane kulesi sikhangiso? (1)

[10]

UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)

- 4.1 Bakuphi laba abakule khathuni? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.2 Yini ebangela ukuthi le ndoda yezibuko ithukuthele? (2)
- 4.3 Bhala igama '**sorry**' ngesiZulu esifanele. (1)
- 4.4 Luluhlobo luni lwagama abhalwe ngokugqamile kule misho olandelayo:
- 4.4.1 *Sorry* nkosi **yenkantolo** ukufika *late*. (2)
- 4.4.2 Ekabani **le** ngqoshi ehlale ifa. (2)
- 4.5 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
Siphinde safelwa **yimoto**. (1)

[10]

UMBUZO 5

- 5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

UMBHALO F (Ofundwayo)

Ukuhlolwa kabili ngonyaka nokuphumelela ngamaphesenti angama-30 akwenele ukulungiselela inyuvesi. Isizathu esenza ngibone lokho ukuthi kayikho inyuvesi ekuphaswa kuyo ngamaphesenti angaphansi kwangama-50. Pho thina sivunyelwa kanjani ukuphasa ngemaki elincane kanje? Izifundo eziningi ungaziphasa ngamaphesenti angama -30. Lokhu ukudlala ngesikhathi.

Mhlawumbe benzela ukuthi kungayi wonke umuntu enyuvesi abanye babe imiquba bahlale emakhaya. Mina imaki engizibekele lona lokuphasa amaphesenti angama-60 nangaphezulu. Ngizimisele ukuba nami ngibe utho emhlabeni. Isonto nesonto ndisebenza nokuzikhandla. Ngifisa ukuya enyuvesi yaKwaZulu Natali. Ukuhlala kude nabazali ngikubona ngingakakulungeli. Ubani nje ongangiphekela nsuku zonke? Khona imali ngingayonga kanjani.

- 5.1.1 Hlobo luni lwamabizo abhalwe ngokugqamile kule misho elandelayo.
- 5.1.1.1 Akwenenle ukulungiselela **inyuvesi**. (2)
- 5.1.1.2 **Izifundo** eziningi ungaziphasa kalula. (2)
- 5.1.2 Phinda ubhale lo musho olandelayo lapho usudwebele isivumelwano senhloko.
Thina sivunyelwe kanjani ukuphasa? (2)
- 5.1.3 Tomula isabizwana soqobo kulesi siqeshana bese uzakhela umusho ngaso ongahambisani nesiqephu. (2)
- 5.1.4 Lulu hlobo luni igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.
Ubani nje ongangiphekela nsuku **zonke**? (2)
- 5.1.5 Sebenzisa igama **isonto** emshweni wakho lapho liveza umqondo ohlukile kunalo osesiqeshini. (2)
- 5.1.6 Guqula lo musho olandelayo ukhomba ubuningi.
- 5.1.7 Mina imaki engizibekele lona lihle (4)
- 5.1.8 Nciphisa leli bizo elilandelayo.
Amaphesenti (2)
- 5.1.9 Bhala izigaba zalawa mabizo alandelayo.
- 5.1.9.1 Isizathu (1)
- 5.1.9.2 Imiquba (1)

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU D: 40

AMAMAKI ESEWONKE 80